basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**FEBRUWARI/MASHI 2012**

**AMAMAKI: 70**

**ISIKHATHI: amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi ayi-11.**

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (30) |

2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udwebela umugqa emuva kwaleso siqephu.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.

6. Shiya umugqa emuva kombuzo ngamunye.

7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

## UMBHALO A (Ofundwayo)

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Uma ungumzali oqotho nonothando lwezingane zakho, uhlale ubhekene nenkinga yokuthi uzozikhulisa kanjani. Zona lezi zingane ubuye ube nenkinga futhi yokuzishayela umthetho uma sezikhulile ngoba indlela wena okhuliswe ngayo ayisefani nendlela izingane zakho ezikhula ngayo. Imbangela yakho konke lokhu ukuthi impilo ayimile ndawonye iyaguquguquka ngokwenhlalo, ngokwamagugu kanye nezomnotho. Uma izingane zakho sezikhule ngokwanele uyaye ufise ukuthi ziphume zizifunele ezazo izindawo zokuhlala. Phela usuke usuwenzile umsebenzi wakho wokuzinika izimpiko zokundiza. Kusuke sekufanele zindize ziye lapho zithanda khona.

Kuba mnandi uma nisahleli ndawonye. Kuyajabulisa ukuba ulokhu ubona izingane zakho ziyaluza ekhaya, ikakhulukazi uma zihlonipha. Abazali basuke bazi ukuthi kufanele izingane zabo zibuye zizimele. Khona kunjalo bayakulangazelela ukubuye basale bodwa bashaywe umoya. Bayaye badumale abanye uma bebona ukuthi izingane azizimisele ngokuphuma. Phela izindawo zokuhlala zimba eqolo. Uma sekufike lesi sikhathi ekhaya itshe ligaya ngomunye umhlathi.

Ziningi izinkinga ezibakhona ekhaya uma izingane sezikhulile. Kubazali izingane zihlale ziyizingane. Abazali bayaqhubeka nokuzishayela umthetho. Amazwi afana nalawa, wokuthi, 'kukwami lapha. Ngeke ngibumele utshwala nokuthi kube lokhu kuphuma kungena amantombazane engingawazi. Indaba yokufika ngesokusa sengathi angiyingeni la kwami'. La mazwi azwakala ehlaba kulabo abhekiswe kubo. Phela zona izingane zisuke sezizibona sezikhulile. Noma kungathiwani kuhle ukuphuma kwezingane ekhaya ziyozihlalela ezindaweni zazo. Umuntu osebenzayo ahole imali yakhe akahlale kweyakhe indawo. Kumele bacatshangelwe abangakasebenzi noma kodwa nabo baba umthwalo uma sebekhulile.

Izingane eziningi ziyesaba ukuphuma, ziyozimela. Phela ukuzimela kunezinselelo eziqondene nawe ngqo. Uma sezizimele sekumele zikwazi ukonga nokusebenzisa imali ngendlela efanele. Kwesinye isikhathi kumele kube khona izinqumo ezizithathayo ngaphandle kokucatshangelwa abazali. Ezinye izingane zoniwa ukunethezeka emakhaya ngoba zikhule vele ziphakathi komhlane nembeleko. Indlela okhuliswa ngayo iba nomthelela empilweni yakho yobudala. Ziyaye zikhohlwe ezinye izingane ukuthi kuzofika isikhathi sokuba abazali bazishiye emhlabeni. Kuhle ukuzimela uma usufike ebangeni lokuthi uzimele.

Makungenziwa iphutha lokucabanga ukuthi ukuzimela kusho ukukhohlwa abazali. Akekho umuntu obaluleke ukwedlula umzali empilweni. Umzali usuke esakhombisa uthando oluyisimangaliso uma ekutshela ukuthi zifunele indawo yakho. Lena enye yezindlela zokubona ukuthi uphumelele yini ekukukhuliseni ngendlela efanele. Yimuphi umzali ongejabule ukuvakashela ingane yakhe kwayo?

Asikho isikhathi esiqoshiwe sokuphuma ekhaya. Ngokwama-Afrika umfana uma esekhulile wakhelwa ilawu ekhaya. Lokho kusuke kuyisiqalo sokuphemba umuzi. Amantombazane wona ahamba uma eseyogana. Lokhu kwakwenzeka ngezikhathi esezadlula. Ucabanga ukuthi kusengenzeka namanje? Kuhle ukuphuma ekhaya usulungisele abazali umuzi. Ikhaya lakini selibukeka. Lokhu kwenza kunikeza iqholo lokukhomba ikhaya lakini ngaphandle kokuzenyeza kanye nokwesaba. Ukuvakasha ekhaya kubalula, kube mnandi futhi nakubazali ukuvakashelwa ingane yabo eyaphuma kahle ekhaya. Ukujabula akugcini kubazali kuphela. Izinyanya zakini kanye noMdali bahlale bekubhekile futhi bekulethela izinhlanhla.

Kwesinye isikhathi akubi lula ukulungisa ikhaya lakini uma nibaningi. Ingani kuba khona ukubhekana emehlweni, niqhubane ngamadolo. Isizathu salokhu ukuthi ningaba ngabandawonye impela kodwa indlela enicabanga ngayo nenenza ngayo izinto ingafani. Ezinye izingane ukukhuliswa nokunakekelwa ngabazali zikuthatha njengento okwakufanele bayenze abazali. Ngaleyo ndlela zona njengezingane azibakweleti lutho abazali bazo. Ezinye zize zenze imicimbi emikhulu uma seziphuma ekhaya. Lokhu kusuke kuwukubonga ukukhuliswa, nokuzicelela izinhlanhla lapho ziya khona. Kuya ngenkolelo yakho-ke ekutheni uzicelela izibusiso kuMdali noma uzicelela kwabakini ukuba bahambe nawe.

Kukhona ezinye izizathu zokungaphumi kwezinye izingane emakhaya. Kanjalo nabazali kuyenzeka babe nezizathu zabo zokungafuni ukuba izingane zabo ziphume. Izingane ezikhubazekile nganoma iyiphi indlela zidinga ukunakekelwa. Umzali kuphela osuke eyazi kahle ingane yakhe.

1.1.1 Nikeza incazelo yaleli binzana 'ukuzinika izimpiko zokundiza' njengoba lisetshenziswe esiqeshini. (2)

1.1.2 Ngokwalesi siqephu yibuphi ubunzima obubhekana nomzali uma esezitshela ukuthi usezikhulisile izingane ngokwanele? (2)

1.1.3 Ngokwalesi siqephu yikuphi okutshengisa ukuthi abazali abayeki ukushayela izingane umthetho? Nika kube KUBILI. (2)

1.1.4 Zisuke ziyenzelani imicimbi izingane ezisuke sezikulungele ukuphuma emakhaya? (2)

1.1.5 Kungani ngokwalesi siqephu kubukeka kuphambana nokuba ngum-Afrika ukutshela izingane zakho ukuthi zizifunele indawo yokuhlala? (2)

1.1.6 Ngokucabanga kwakho yiziphi ezinye izizathu ezingekho esiqeshini ezenza ukuthi izingane eziningi zikubona kunzima ukuphuma emakhaya nakuba sezikhulile? Nikeza kube KUBILI. (2)

1.1.7 Khetha impendulo EYODWA kwezinikeziwe ngokwesiqephu. Kwesinye isikhathi akubi lula ukulungisa ikhaya lakini uma …

A nibaningi
B umdala
C umncane
D ungasebenzi (1)

1.1.8 Lesi simo sokukhuluma esithi: 'itshe seligaya ngomunye umhlathi manje' sinabudlelwane buni nesiqephu osifundile? (2)

1.1.9 Kungani kungelula ukuthi izingane ezikhubazekile zingakwazi ukuzifunela izindawo zokuhlala? (1)

1.1.10 Uyavumelana yini nalokhu okushiwo umbhali walesi siqephu ukuthi abazali bayakulangazelela ukubuye basale bodwa bashaywe umoya. Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.11 Wena ngokwakho ubona kufanele yini ukuthi izingane esezikhulile ziphume emakhaya? Sekela impendulo yakho. (2)

**UMBHALO B (Obukwayo)**

1.2 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

1.2.1 Yikuphi okukulesi sithombe okukhombisa ukuthi lo mfana akasitholanga isikhathi sokuqoqa izimpahla zakhe? (2)

1.2.2 Yini etshalwe phambi komnyango kulo muzi? Nikeza kube KUBILI. (2)

1.2.3 Ubengasivimba kanjani lo mfana lesi simo akuso? (2)

1.2.4 Khetha impendulo EYODWA kulezi ozinikeziwe. Umfana okulesi sithombe esingenhla ukhombisa … ngoba ubengakakulungeli ukuphuma ekhaya.

A ukujabula
B ukudumala
C ukwesaba
D ukumangala (1)

1.2.5 Ucabanga ukuthi yini azincisha yona lo mfana uma ephuma kanje ekhaya? (1)

1.2.6 Ngokubona kwakho, kufanele yini umbhali wesiqephu esifundwayo (UMBHALO A) nesibukwayo (UMBHALO B) athi ingane ayihambe ekhaya uma isikhulile? Sekela impendulo yakho. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana bese usifingqa ngamagama akho angedluli kwangama-70. Impendulo mayibe yisigaba/yizigaba noma amaphuzu.

Igama lomuntu liyindaba enkulu. Yilo igama elehlukanisa umninilo kwabanye abantu, limenze ame yedwa qekelele. Ngakho uthando azithanda ngalo umuntu lunamathelene nokuhlonipheka kwegama lakhe. Umuntu uyalazisa igama lakhe, ngakho-ke ufisa ukuba nabanye abantu balazise bangaliphathi budedengu.

Ukungcofa igama lomuntu kwakubiza kabi kule minyaka edlulile. Lalibiza ishumi lopondo okwakuyimali enkulu kulezo zikhathi. Nanamuhla kuselicala ukujivaza igama lomuntu ngokuhamba uhohoza njengehansi utshela abantu ukuthi usobanibani ugile umkhuba omubi. Alisagezwa ngeshumi lopondo igama lomuntu. Umninilo ukuyela kubameli, akudle ezishisiwe izimali lezi. Uma umuntu ekumangalela ngegama lakhe uyobe wenze kahle ukukulungisela abangomuso. Umubi. Wephuce umuntu igugu elikhulu kunamagugu onke, igama lakhe.

Kuyaye kuthiwe umuntu unegama elihle uma iningi labantu abamaziyo bekhuluma kahle ngaye ngenxa yobuhle nobulungiswa bempilo yakhe. Bayathandeka abantu abazi iqiniso elehlukanisayo likhombe umngcele phakathi kokulungile nokungalungile. Yilokho okwenza ukuba abantu bakhulume kahle ngomuntu ophila impilo ecwengekile, yahleleka.

Inegama elihle kubazali ingane okuthi uma beyithumile ibuye engakacimi amathe. Leyo ngane ayigcini ngokuthokozisa abazali bayo kuphela kodwa umphakathi uyaziqhenya ngayo. Nanoma yimuphi umuntu uyazenzela igama elihle ngezenzo zakhe kwabanye abantu. Konke lokhu kubiza umzamo nokuzimisela.

Ukuhlonipha igama lomuntu makungagcini ngokukhuluma kahle ngalo ukuze linganukubezeki. Makudlulwe kuleyo nhlonipho kwenyukelwe ekuhlonipheni ukungaligaguli kalula igama lomuntu ongaseyiyo ingane. Ayijwayelekile emakhaya le nto yasesilungwini yokuba abantu abaganene babizane ngamagama. Iyalumela le mpoqabulungu, ayiyekwe ngoba yehlisa isizwe sabamnyama.

Igama lomnumzane noma likababezala belihlonishwa, lingabizwa noma ikanjani. Omalokazana nalo lonke nje uzalo lukaMbhekeni babengaliphimisi nhlobo igama elithi: 'Bheka'. Babeligwema basebenzise elithi: 'Qaphela'. Bekuthi uma ulimi lwakhe luqabuka lushelela wabiza lelo gama bese ephimisa amathe amancane. Lokhu kuluphawu lokushweleza ngoba kuphosisekile kwathinteka igama likababezala. Ukubiza nokusebenzisa igama lomuntu ngendlela enenhlonipho kugqugquzela ukuhloniphana nokwazisana. Umuntu uyalisebenzela igama lakhe ukuze lihlonipheke. Ngakho-ke kufanele nathi silihloniphe singalihuduleli phansi.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Fundisisa lesi sikhangisi esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

3.1 Yisiphi isinqumo esithathwe yilona osesikhangisweni ngazimisele ukukwenza ngonyaka omusha? Nika kube KUBILI. (2)

3.2 Amazwi athi 'umuhle, ukhuluphele, uyazethemba?' abhekiswe kubani? (2)

3.3 Kungani intengo yaleli phephabhuku ibhalwe ngefonti encane? (2)

3.4 Khetha impendulo EYODWA kulezi ezilandelayo. Igama 'BONA' elibhalwe ngefonti enkulu limsiza ngani umthengi?

A Ukuze afunde izindaba azithandayo
B Ukuze umthengi asheshe alibone
C Ukugqamisa umkhiqizo wephephabhuku
D Ukuze naye abe umkhangisi (1)

3.5 Kungani kusetshenziswe ikhonco kuleli gama i-diet? (1)

3.6 Uyavumelana noma awuvumelani nokuthi lesi sikhangisi sikhombisa ukuchema? Sekela impendulo yakho. (2)
**[10]**

**UMBUZO 4**

Bukisisa uphinde ufundisise le khathuni engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

4.1 Yini ekhombisa ukuthi uThishomkhulu akasenameli lesi simo asithola kuleli gumbi lokufundela? (2)

4.2 Kungani umsindo kulesi sikole ubemkhulu kangaka? (2)

4.3 Bunjani ubudlelwane phakathi kukaThishanhloko kanye nothisha wesifazane uma uqhathanisa izinkulumo zabo? Sekela impendulo yakho. (2)

4.4 Khetha impendulo EYODWA kulezi ezilandelayo. Sifengqo sini esiqukethwe yile nkulumo yalo mfana ethi: 'Saze safa umsindo'?

A Ihaba
B Isingathekiso
C Isenzasamuntu
D Isifaniso (1)

4.5 Ngabe igama elidwetshelwe kule khathuni likunika muphi umqondo ngalesi sikhumulo sezindiza? (1)

4.6 Uma ubheka ubuso kanye nezandla zalaba bafundi, kukutshelani ngesimo abakuso? Sekela impendulo yakho. (2)
**[10]**

**UMBUZO 5**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Izihlabathi ziyaqibana ngempela uma ubheka ngasohlangothini lezimfashini. Phambilini uma ukhuluma ngemfashini ubusuke ubhekise ezingutsheni zokugqoka kuphela. Nokho-ke isikhathi sesiguqukile ngoba sekukuningi kakhulu okubizwa ngemfashini ngaphandle kwezingubo zokugqoka. Indlela yokulungisa izinwele, uhlobo lwezimoto olungajwayelekile, omakhalekhukhwini konke lokhu kuyaba imfashini. Uma imfashini ethile <u>isangenisile</u> baningi abantu ababa nesiqiniseko sokuthi ayibedluli. Abanye bancamela ukutsheleka <u>imadlana</u> okukanye bayintshontshe ukuze bazibusise ngemfashini.
Akuve kudabukisa nokho-ke ukufica umuntu esezimpintshe <u>kabuhlungu</u> ngesiketi <u>noma</u> ngebhulukwe egameni lokuthi imfashini. Imfashini phela nayo iyabhekelelwa. Kwesinye isikhathi kuhle nje ukuthi uyiyeke imfashini yedlule ungazange uzihluphe ngayo. Abantu abaningi bazithola <u>sebengonomafashini</u> ngenxa yokuthi bafuna ukwamukeleka kubangani babo. Basuke befuna ukusika ukhasi emiphakathini abahlala kuyo. Imisakazo namaphephandaba iyazama ukunqanda lesi sihlava ngokuthi kube nezinhlelo ezithize ezikhuluma ngobubi nobuhle bezimfashini.

5.1 Nikeza incazelo eqondile yegama elidwetshelwe elisemgqeni we-15. (2)

5.2 Nikeza umsebenzi wamagama adwetshelwe asemgqeni we-12. (2)

5.3 Sebenzisa igama elisemgqeni wesi-9 emshweni wakho likhombe ukwedelela. (1)

5.4 Qalisa umusho ngala magama abhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Imisakazo namaphephandaba iyazama ukunqanda **lesi sihlava**. (2)

5.5 Khetha impendulo EYODWA kulezi ezilandelayo. Isimo sokukhuluma esidwetshelwe esisemgqeni wesi-7 singasho:

A Isifikile
B Isathandwa
C Isikhona
D Konke okungenhla (1)

5.6 Lungisa amaphutha emshweni wokuqala kulesi siqeshana. Phinda uwubhale umusho. (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**